

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2023

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-3

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe iziqephu EZIMBILI:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

QAPHELA: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundise umsebenzi wakho. Amalungiselelo kumele avele njengamalungiselelo ngaphambi kwempendulo.
6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
- ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
- ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) (80)
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela efanele njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
9. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa inani lamagama empendulo kuphela.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

- | | | |
|-----|---|------|
| 1.1 | Umngani Owangijikela Sesifunda Ibanga Lokugcina | [50] |
| 1.2 | Ukubaluleka Kokugomela Izifo Ezinhlobonhlobo | [50] |
| 1.3 | Angiphindanga Ngabheka Emuva | [50] |
| 1.4 | Ukusabalalisa Izindaba Emphakathini Kungaba Nemiphumela Eminingi | [50] |
| 1.5 | Amajele akuleli awenza kahle kakhulu umsebenzi wawo wokuhlumelelisa izimilo | [50] |

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6 kuya ku-1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6



[Sithathwe ku-educational.pics.com]

[50]

1.7



[Sithathwe ku-parenting.pics.com]

[50]

1.8



[Sithathwe ku-thoughtprovoking.pics.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu bese ubhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbuzo ngamunye.

Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.

2.1 I-INTHAVYU

Imiphumela yakho ibe ngundabamlonyeni ngoba uphumelele ngamalengiso kuzo zonke izifundo eBangeni le-12.

Bhala **i-inthavyu** ephakathi kwakho nentatheli yephephandaba i-Isolezwe lapho uchaza khona ukuthi kube yini imfihlo yakho. [25]

2.2 INCWADI YOBUNGANI

Ube nokungaboni ngaso linye nomzali wakho wagcina usuduba ikhaya.

Bhalela umzali wakho **incwadi** ucele uxolo ngokuziphatha kwakho. [25]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Endaweni yangakini kubizwe ukhukhulelangoqo womhlangano wentsha ukuzodingida ngenkinga yokuntuleka kwamathuba omsebenzi.

Njengonobhala wesigungu sentsha, bhala **i-ajenda namaminithi alo mhlango**. [25]

2.4 INCWADI EYA KUMHLELI

Ukukhushulwa kwemali yokugibela amatekisi namabhasi kulethe ingcindezi enkulu emphakathini wangakini.

Bhala **incwadi eya kuMhleli** wephephandaba lendawo, udlulise ilaka lomphakathi lokunxenxa uhulumeni ukuba angenelele kulolu daba. [25]

2.5 UMBIKO ONGABEKELWE MIGOMO

Ubone izigebengu zigqekeza esinye sezikhungo zikahulumeni ngempelasonto.

Bhala-ke umbiko **ongabekelwe migomo** oqondiswe kuMphathisiteshi samaphoyisa angakini. [25]

2.6 **I-IMEYILI**

Unyamalale izinsuku eziningana enkambini yokuziqeqesha yeqembu lakho lezemidlalo.

Bhala **i-imeyili** eya kumqeqeshi weqembu uxolise uphinde unikeze isizathu esinqala esenze ukuthi unyamalale.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100